**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**

**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWEBELE**
**IZINGA ELIPHEZULU**
**(Iphepha lokuqala)**

**ISIKHATHI: 2½ amahora**

**IMIKLOMELO: 100**

---

**IMIYALO:**

- Leli phepha linezigaba ezintathu A, B noC.
- Imibuzo mayiphendulwe yonke.
- Izinombolo mazibhalwe njengoba zibhalwe ephepheni.
- Izimpendulo zombuzo owodwa mazilandelane kahle njengoba lowo nalowo mbuzo uhleliwe.
- Funda kahle umbuzo ngaphambi kokuba uphendule.

---

## ISIGABA A
## UMBUZO 1

**ISIFUNDO SOKUQONDISISA**

Funda lezi ziqeshana ezilandelayo bese uphendula imibuzo engezansi.

**ISIQESHANA A:**

Ngonyaka ka-1908, izwe lalene ngokwesabekayo ngenxa yokuba izinkomo zazifile. Kwakufike umotha wazo cishe kulo lonke izwe. Indoda uma kusa linamabethe, ubuhlangana nayo ifake ibheshu layo entanyeni, itikiza nje ingazi noma liphelephi.

Kwakubhibha uhlanga, lihoshe ishisandlu. Kwaqhamuka umlilo phesheya kweMfolozi eMhlophe. Sakhalela abangaphesheya, ngoba noma sasiphezulu kuMncungu (Nodwengu School), sathi uma siwubona, umuntu wangenwa yitwetwe. Kanti nangempela phezu kokuba iMfolozi ibanzi kangaka, kuyinkinga ukuthi wawela kanjani. Sathi sethuka wawusuklebhuke waye wagwaza kwankatha. Imifudlana lena oSiza, noMbilane noNtukwini yagijima phezu kwamacubane.

Umuntu wezwa kubhonga izinkomo kuyo yonke indawo. Kwaba sengathi kubhubha umhlaba ngempela.

Kwakwedlule kancane emadineni. Uze ubone kahle ukuthi nezilwane zinengqondo, ezakithi ngoba zazazi ukuthi kukhona ishakwindla kanye nomqatho eduze nasekhaya, sethuka sezishuqungene khona emqathweni zonke ngothi lwazo. Noma phela izinkomo zazifile, abanye abanumzane base beziphembile.

Nakwethu yayikhona imithonselana ngoba ubaba kwakulugedla. Ukuba wawubaleka du, sethuka usulapha ngokuphazima kwehlo. Indaba yokubabela ubaba wayengayilibali. Sasikade sibabele eduze nekhaya ngakuthangi. Kumhla ngifundayo ukuthi umlilo uke ugijime ngendlela njengenyoka, nasehlungwini ugijima ngezindwani.

UMalimengadli, inkosikazi eyayisanyangana wayifumana ehlanzeni, wayikhweza emthini, wayiqhuqhumbisa amanswebana, wedlula ngehubo. Umuntu ebona ukufa wathi ngoyekelela lokhu! Enye inkosikazi kwathi sekuphunyiwe ekhaya kubalekwa yakhumbula isidwaba sayo esisha endlini.

Yathi iyaphuma yanqwamana nawo ezaleni. Wayithatha wayifumba phansi wedlula ngehubo.

Kulowo nyaka kwakungenala kwakukwavunivila. Imizi eyashayo ngingeyibale. Inja yethanga eyashayo ezibayeni yayesabeka. Emva kwalowo mlilo, sasihamba sidla inguklu eyayivuthiswa yiwo umlilo emingceleni yamasimu. Ukuhlupheka okwabakhona kubantu kwakubanga umunyu. Abantu belala bakhosele ematsheni hlumbuluzi. Sesihlwaya emahlungwini ngakusasa, sasithi singafumana isiqintshana esisele, kuvuke uhlakazane lwezinyamazane. Sihamba sifumana izimbambalala nemiqwayiba yezimamba nezimonya. Kwaphela inyanga kungunyezi kuvutha izigodo ngoba izwe lihlanze. Kwakunele kuhlwe nje, kuthi klele ucoshe inalithi.

Owabona lowo mlilo sewacishe walubona usuku lokugcina.

1.1 Nikeza le ndatshana isihloko ocabanga ukuthi siyifanele. (2)

1.2 Kwabe kusikhathi sini sonyaka njengoba ".... kubhibha uhlanga" nje? (1)

1.3 Ukwenzani ukubabela njengoba sizwa kuthiwa "sasikade sibabele eduze nekhaya"? (2)

1.4 Inguklu yithanga elihlanza kamuva. Yakha umusho wakho ngegama ithanga liveze omunye umqondo ngaphandle kwaleli elidliwayo. (1)

1.5 Nikeza igama lemvunulo yabesifazane elikhona endabeni. (1)

1.6 Phinda unikeze igama lemvunulo yabesilisa elikhona endabeni. (1)

1.7 Yisho ukuthi lezi zifengqo ezilandelayo ezicashunwe endabeni zizifengqo zini:

1.7.1 Ukuba wawubaleka du, sethuka usulapha ngokuphazima kwehlo. (1)

1.7.2 Wayithatha wayifumba phansi wedlula ngehubo. (1)

1.7.3 Kumhla ngifundayo ukuthi umlilo uke ugijime endleleni njengenyoka. (1)

1.8 Chaza ukuthi le misho elandelayo ecashunwe endabeni isho ukuthini njengoba isetshenzisiwe:

1.8.1 Kwakufike umotha wazo cishe kulo lonke izwe. (1)

1.8.2 Noma phela izinkomo zazifile abanye abanumzane base beziphembile. (1)

1.8.3 Inkosikazi esanyangana wayiqhuqhumbisa amanswebana, wedlula ngehubo. (1)

1.8.4 Kulowo nyaka kwakungenala kwakukwavunivila. (1)

1.9 Nikeza amagama amqondofana nalawa avela endabeni:

1.9.1 Linamabethe. (1)

1.9.2 Yitwetwe. (1)

1.9.3 Kwakulugedla. (1)

1.9.4 Nemiqwayiba. (1)

1.9.5 Klele. (1)
**[20]**

**ISIQESHANA B**

Kwakusenyakeni 1912, kukhala uhlanga. Ngangifunda eMasotsheni (St. Augustine) kwelaseNquthu. KwaHlazakazi, eduze neSandlwane kwakufunda abanye bakithi eMahlabathini, umfana nentombazana.

Njengoba kwakungakabikho izinto zokuhamba njenganamuhla, bengiyaye ngikhashwe ngisiwe kubo sizolibhaduza ngogulukudela.

Sasuka kwaHlazakazi emini bebade, saye sedlula kumfo wakwaMdladla owakhe phansi kweSilutshane. Wathi lo mnumzane ake sithi gozololo, kanti usholo ukuba kesiphiwe ukudla.

Sasuka semuka phansi kwezintaba; lapho selingamutsha wenduna. Ilanga lasebusika.

Sawela umfudlana ongena eNondweni, enhla nayo, sahlala sancamela ubusuku.

Lathi ukuba lizilahle kunina, sasuka senyukela emzini ophansi kwamawa abomvu.

Safika sema ebaleni sathi: "Asengene esiswini." Sangeniswa encumbeni enkulu enezinsika ezinhlanu. Thina nentombazana sahlala ngakule ndawo yamadoda, lo mfana wakithi wahlala ngakweyamanina maqondana nensika egcine ngezansi. Yena wayelokhu edlalisa okuyingane okusathi ukuthatha unyawo. Lapha esithumbanjeni kuhlezi iqhikiza lakhona liklabela ujeleza lixoxa nale ntombazana yakithi, libuza elibaziyo kwaHlazakazi. Mina ngangilele ngithe cu ngicamele emathangeni kudade.

Emsamo laphaya kuhleli amasaka agcwele ummbila ogunyuziwe. Asuke ngapha aye ahlaba ngale kwendawo.

1.10 Bhala unyaka okukhulunywa ngawo kule ndaba ngamagama. (2)

1.11 Kulo musho othi: "Sizolibhaduza ngogulukudela" kunegama eleqiwe. Ngabe yiliphi? (1)

1.12 Chaza okushiwo yilo musho oku-1.11 ngenhla. (2)

1.13 Kukhona igama eleqiwe kulo musho: Asengene esiswini. Ligagule. (1)

1.14 Kwakusikhathi sini sonyaka uma yenzeka le ndaba? Sekela impendulo yakho ngokucaphuna amazwi endabeni. (2)

1.15 Kusho ukuthini ukuthi gozololo? (2)
**[10]**

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [30]**

## ISIGABA B

### UMBUZO 2
### UKUFINGQA

2.1 Fingqa le ndatshana ngamagama angevile emashumini amabili:

> Isisu sakhe sasihlambulukile simkhipha singamnike thuba. Base becabanga nokumenzela isibhebe esizombuyisela amandla. Izwi lalingasekho selishe qhu. Wayengasayithandi indaba. Uzenzile akakhalelwa ngoba ngangimtshelile ukuthi angachathi isilinganiso senyanga. Ngangithe akothi ukwehlisa kancane bese futhi ethela namanzi uma kwenzeka.
>
> Unina njengomuntu onephaphu, wayeselokhu echiphize njalo ethi uzinyobulala wakhe useyamshiya. Kwase kuke kwagijima nezalukazi zalungisa iyambazi kwaba yinqaba. Umlomo kufanele ukuthi wawusundikindiki ngoba babemphuzisa imithi eshaqayo bethi benza izaba zokuthiba lesi sisu esasidlangile. Kwaze kwaqhamuka impunga yaseMabheleni yamsiza ngomshanguzo waqabuka.

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [10]**

## ISIGABA C

### UMBUZO 3
### UHLELO

Funda le ndatshana elandelayo bese uphendula imibuzo engezansi:

# Bakushayele ihlombe ukuqokelwa ezikhundleni eziphezulu kwabesifazane emaphoyiseni eSoweto

INYUNYANA yamaphoyisa iSouth African Police Union, isishayele ihlombe isinyathelo sokuqokelwa ezikhundleni eziphezulu kwamaphoyisa abesifazane okwenzeke eSoweto eGoli.

UMongameli wale nyunyana uMnuz. Baptist Sigidi uthe, abagixabezwe lezi zikhundla ngoSenior Superintendent Ellen Dimakasiso Ndaba osekhushulelwe esikhundleni sokuba nguKhomishane ophethe amatomu esiteshini saseDiepkloof, noSenior Superintendent Thembeka Gwebushe oseyisiKhulu somNyango wezokuVikela eJabulani.

UMnuz. Sigidi uthe lokhu kungumphumela omuhle ngoba le nyunyana sekunesikhathi ikhononda ngokungaqokelwa kwabesifazane ezikhundleni eziphezulu embuthweni wamaphoyisa.

Uthe ukuqokwa kwalaba besifazane kulezi ziteshi, kube yisibonelo esihle kwazise ubengekho owesifazane osesikhundleni esiphezulu kulezi ziteshi.

Uphinde wathi ukuqokelwa kwabo kulezi zikhundla kwamukelwe ngezandla ezifudumele.

Uthe nakuba kunjalo, kodwa umbutho wamaphoyisa kusadingeka ukuba usebenze kakhulu ekulweni ukuba abesifazane baqokelwe ezikhundleni eziphezulu, njengoba kusenamakhulukhulu abo abanesipiliyoni nabafunde kakhulu kulo msebenzi okudingeka ukuba nabo bawuhole lo mbutho wamaphoyisa.

UMnuz. Sigidi uthe inyunyana ithanda ukuxwayisa lelo qeqebane elingezwani nokuholwa ngabesifazane kulo mbutho, ukuthi ngeke nakancane linikwe ithuba lokuba kuqhutshwe ngendlela yakudala lapho abesifazane babebukwa njengezinto ezingelutho ngoba isikhathi sesishintshile manje.

Ilanga, January 27 – 29 2003 Ikhasi 2

3.1 Nhloboni yamabizo lawa alandelayo?

3.1.1 Inyunyana. (1)

3.1.2 Isinyathelo. (1)

3.1.3 uMongameli. (1)

3.2 Bheka iziphongozo zesihloko sale ndaba. Khetha ezinhlanu ozithandayo, bese kuthi eceleni kwaleso naleso siphongozo usho ukuthi sinhloboni. 5x2=(10)

3.3 Nhloboni yesabizwana u-**lezi**. (1)

3.4 Guqula lesi sabizwana: **lelo** sikhombe kude. (1)

3.5 Shono ukuthi lezi zichasiso zinhloboni:

3.5.1 yamaphoyisa. (1)

3.5.2 esihle. (1)

3.6 Nhloboni yesenzo lesi; **uthe**. (1)

3.7 Kunezenzo **ezimbili** ezifuze lesi esingenhla. Bhala umusho owodwa ngesenzo ngasinye. 2x2=(4)

3.8 Isenzo esidwetshelwe kulo musho sikuyiphi indlela?
Umnuz. Sigidi uthe inyunyana ithanda ukuxwayisa lelo qeqebane elingezwani nokuholwa abesifazane. (2)

3.9 Bhala imisho ngesenzo **khuluma**, kuvele:

3.9.1 Indlela yamandla. (2)

3.9.2 Indlela yenhloso. (2)

3.9.3 Indlela eqondile. (2)

3.10 Ngokwejwayelekile isikhuliso sijobelela isijobelelo u-**kazi**.
Shono ukuthi leli gama **–kusenamakhulukhulu** likhuliswe kanjani. (2)

3.11 Nhloboni yesilandiso leli gama: **yisibonelo**? (2)

3.12 Nhloboni yenguquko etholakala kule misindo edwetshelwe? Bhala inguquko eyenzekile.

3.12.1 Kuqhu<u>tsh</u>wa. (2)

3.12.2 K<u>w</u>abesifazane. (2)

3.13.3 Ng<u>e</u>zandla. (2)
**[40]**

**UMBUZO 4**

4.1 Lungisa le misho elandelayo. Bhala izimpawu zokuloba lapho zishiywe khona.

4.1.1 Konje uthe uthoko usethekwini? (2)

4.1.2 UMnuz ubuthelezi ubaphatha kahle abantu bakhe. (2)

4.1.3 Usakhumbula nje ukuthi ukuphi uzandile (2)

4.1.4 Waphendula wathi Ngizohamba kusasa. (2)

4.2 Bhala lezi zaga ngendlela eyiyo:

4.2.1 Umakhothwa unina intandane enhle. (1)

4.2.2 Uhlaba usamila umthente. (1)

4.3 Lungisa le misho ukuze ifundeke kahle.

4.3.1 Izolo ugogo ubepheke (isithubi / umthubi) ngebhodwe elikhulu. (1)

4.3.2 Abadala bathi iningi liyabona (ubende, ububende) (1)

4.4 Lungisa le misho iphimiseke kahle.

4.4.1 Uthele impuphwana encane ebhodwaneni. (2)

4.4.2 Imphilo yanamuhla inzimana. (2)

4.4.3 Izindebana zomlomana wakhe zigazukile. (2)

4.4.4 Iphi indukunyana yakhe emhlophana? (2)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [60]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 100**

**ISIPHETHO**